# uSizwe wakwaKhumalo-Seegelken

eKhaya eOldenburg eJalimane

27.03.**2026**

## SIYAHLAWULA SILOBOLE KWAMDLETSHE

- Ngixhumana noKaMdletshe omncane [+27 64 776 9992], ngimazisa ukuthi ngithumela uMkhongi ozozohlawula alobole udadewabo ozala oNokwethemba noZodwa, **umkami uNtinginono kaNongqayi, uKaMdletshe**. Ngimnxusa ukuthi sivumelane ukuthi uMkhongi afike ngoMgqibelo, 11.04.2026.
- Ngixhumana noMadodomuzi, ngiyamnxusa ukuthi ngimthume ayongihlawulela angilobolele KwaMdletshe. Sivumelana ngemininingwane kule nkonzo angifezela yona.
- **11.04.2026:** UMkhongi ufika kwaMdletshe efumbethe ubadlana lokuzoshweleza, exolisela amaNtungwa ngokwehluleka isikhathi eside kangaka ukuzohlawula nokuzokokha ilangabi ngokwesiko. Abhuquze phansi encenga, eshweleza kwabaseMdletsheni. [Inkomo eza eyiqiqhuba ibe nohlonze nesigqi: 2,000.00 Rand]
- Uma uMkhongi ephumelela ukuthi isinxephezelo eze naso semukeleke, abonge anconcoze, acele ukuthi aphinde avele, esezocela ukulobola.
- Uyobe uqhubé kahle kakhulu uMkhongi uma engabuyela kimi [**yimi uSizwe**] nethemba lokuthi abasekhweni bazimisele ukuzwa ukuthi uMkhongi ufika nini esezocela ukulobola.

Ngifisa ukuluqala ngiluphethe kanjalo-ke lolu daba. Ngethemba ukuthi uMkhongi uyobuya nezwi elingikhuthazayo ukuthi ngimthume masinya, ayongilobolela. [Kungaba yimpelasonto elandelayo, **18.04.2026**, lapho

esefika neNkomo yeNgquthu, neNgqaqamazinyo, … ] [Ngempelasonto elandela leyo, **25.04.2026**, afike eqhuba okungenani ezintathu zelobolo, 1.500,00 Rand**?**]

**nguSizwe** kaJonatani uMkhulunyelwa noNdindi uMaZungu bakwaKhumalo eBaQulusini [**1954-1994**]

**>>THINA bozalo luka*Jonatani* uMkhulunyelwa noNdindi u*MaZungu* bakwaKHUMALO eBaQulusini**

27.03.**2026**